SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli/Ubuciko bomlomo | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa ngamamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangabi nemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

**Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.**

| INOMBOLO YOMBUZO | UMBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
|---|---|---|---|
| 1. 'Ukuthula' | Umbuzo omude | 10 | 6 |
| 2. 'Uthunywe Ngubani?' | Umbuzo omfushane | 10 | 7 |
| 3. 'Ithala Lobunzulu' | Umbuzo omfushane | 10 | 8 |
| 4. 'Zingqwele Ze-Afrika (Sankomota)' | Umbuzo omfushane | 10 | 9 |

**KANYE**

**Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5 'Nkosi Thethelela' | Umbuzo omfushane | 10 | 10 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: NOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 12 |
| 7. *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 12 |
| 8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 15 |
| 9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 15 |
| 10. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 18 |
| 11. *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 18 |
| 12. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omude | 25 | 21 |
| 13. *Impi Yabomdabu Isethunjini* | Umbuzo omfushane | 25 | 21 |

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO:Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 14. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omude | 25 | 24 |
| 15. *Uju Lwezizukulwane* | Umbuzo omfushane | 25 | 26 |

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 16. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 30 |
| 17. *Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 30 |
| 18. *Awuwelwa Umngeni* | Umbuzo omude | 25 | 33 |
| 19. *Awuwelwa Umngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 33 |
| 20. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omude | 25 | 36 |
| 21. *Ubhuku Lwamanqe* | Umbuzo omfushane | 25 | 36 |

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

SA EXAM PAPERS Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: IZINKONDLO (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: INKONDLO (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–13 | 1 | |
| B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 14–15 | 1 | |
| C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 16–21 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

SA EXAM PAPERS Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**UKUTHULA – BW Vilakazi**

Uma thina sobabili singahlala lapha,
Sicambalale osebeni lolwandle nogu,
Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe,
Lapho kugcwel' ukuthula komhlaba nezulu
Yiyo le ndaw' eyenza mina ngiqumbelane
Usikisiki lomphefumulo nonembeza.
Le ndaw' egcwel' inhlokomo, kuyo kubuthene
Konk' okuhle nokuphas' umphefumulo wami.

Kuyona ngizw' amazwan' abantu bekhuluma.
Abant' abahamba ngezinyawo nangomoya,
Abanye bentanta nangaphezulu kwamanzi.
Bayasikhohlisa bathi ngamahlengethwa,
Abanye balokhu benyakazisana nemithi,
Benyakazisana nezindwan' eziluhlaza.
Kuthi nxa siyobuza kuthiwe yiwona moya.
Ngiyabezwa bekhuluma, woza ungizwise.
Ngiyabathanda, bayangithanda, woz' uzizwele.

Abantu abathandanayo bajatshuliswa wubuhle bemvelo obuletha ukuthula.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise esakhiweni sale nkondlo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240. **[10]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UTHUNYWE NGUBANI? – KNN Gcumisa**

We kufa, ak' ungihlebele,
Uthunywa ngubani wena?
Ukub' uzosibangel' usizi?
Nguban' okuph' amandlakazi
Angangawamabuth' akwaMandlakazi?
Owephul' uphoqoze ngawo
Izithomb' ezingamaklume
Omthathe, omsimbithi nomthombothi?
AbakwaMthombothi bangavuma.

AbakwaMsimbithi bangavuma
NabakwaMthathe bavume
Ukuthi usuke wabenzakalisa,
Kungabe uyisithunywa sikaSathane
Noma uthunywe **ngoMkhulumkhulu**?

2.1 Shono umqondo oqukethwe umugqa wesi-2 kuya kowesi-5. (2)

2.2 Chaza kafushane ukuthi kungani imbongi ingathekisa abantu ngezihlahla. (2)

2.3 Chaza ithoni esetshenziswe yimbongi emgqeni wesi-6 kuya kowesi-7. (2)

2.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana emgqeni wesi-8 kuya kowesi-9? (2)

2.5 Phawula ngempumelelo yembongi ekukhetheni igama elibhalwe ngokugqamile kule nkondlo. (2)
**[10]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ITHALA LOBUNZULU – EJ Mhlanga**

MntakaNdul' emnyama,
Umthomb' odlondlobale
Abasezitheni bewugqiba ngezixhokolo
Zamatsh' asezinkelekethen' ezingenazala;
Ithala seligez' incokazi,
Enezimpik' ingandiza iyophuza
Kuleya nzulu yomthomb' ochich' uju
Lwenzulu yobuchopho.
Mntaka-Afrika kulukhun' ezweni lakobelungu,
Elanamuhla selibukwa ngobhaqa,
Izimbaq' eziqhakaze ethala
Zilokhu zishabasheka zifukula
Uquqaba lwakweth' olusagudluz'
Ugqinsi lwenkung' ebuchosheni.
Inkundla ngeyakho bhaqa lwangomuso,
Kayiphons' izikhal' ephanda,
Indlondlobale ngenzulu yobuchopho,
Nangosib' oluxox' imibono,
Elihle kakhulu libuyiswe ngobuchopho,
Sicosh' imvuthuluka sibumbe
Isizwe somlando wezonwele olude.

3.1 Kungani imbongi isebenzise igama elidwetshelwe emgqeni wesi-2? (2)

3.2 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo otholakala emgqeni wesi-5 kuya kowesi-8. (2)

3.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa ukuxhumana emgqeni we-10 kuya kowe-11? Sekela impendulo yakho. (2)

3.4 Ngabe igama, 'izimbaqa' elisemgqeni we-11 likwelekelele kanjani ukuqonda okushiwo yimbongi emiqgeni we-12 kuya kowe-14? (2)

3.5 Xoxa ngokuphumelela kwembongi ekusebenziseni i-enjambamenti etholakala emgqeni wama-20 kuya kowama-21. (2)
**[10]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ZINGQWELE ZE-AFRIKA (SANKOMOTA) – VS Khumalo**

Umhlaba uzolile,
Uhloniph' izingqwele,
Zidl' ubhedu lwengoma,
Oludonsel' ezinzulwini zomphefumulo,
Nenhliziy' edabukil' ithinteke,
AbakwaNdumalo baboph' imithwalo,
Bashaye bashantshule.

Ningamuki zingqwele ze-Afrika,
Khuphulani lolo ngqambothi!
Umhlab' uzohloba ngengubo yothando,
Kukikizwe kuchwaze,
Khuphulani leyo nhlokomo!
Ehlokoma namahlokohlok' ehlobo,
Kuhlaluk' ubuhle bomhlaba.

Ningaphezi badli bobhedu!
Ngizw' amaphimb' avuma kamnandi
Amagod' okuzibamb' agqabuka,
Ngahlokoma nezingqwele zobhedu,
Umzwangedwa wangival' isamuku!
Umphefumulo wami washwibashwiba,
Ngaphil' ezwen' elingenamngcele.

Nazo sezikhophozel' izingqwele,
Zasholo phansi kamnandi,
Zahlekis' umhlab' ongahleki,
Kwavunguz' umoya wothando,
AbakwaNzondo bashaya bachitha!
Umlilo wothando wadlondlobala,
Iphunga lothando lagcwal' umhlaba.

4.1 Nikeza isizathu sokukhethwa kwegama elibhalwe ngokugqamile ebinzeni loku-1. (2)

4.2 Chaza kafushane ukuthi lusetshenziselweni uphawu oluwumbabazi ebinzeni lesi-2. (2)

4.3 Chaza ngokusetshenziswa kwemvumelwanomaphakathi emgqeni we-19 kuya kowama-20. (2)

4.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isimeleli emgqeni wama-24? Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Ake uncome indikimba yomculo etholakala kule nkondlo. (2)
**[10]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.)**

**UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**NKOSI THETHELELA – KN Khuluse**

Nkosi, **Somandla** thethelela:
Ukuba nabany' onkulunkulu kwethu,
Ukukhothamel' imifanekiso kwethu,
Ukuphatha ngeze igama **Lakho** kwethu,
Ukukhohlwa usuku lweSabatha kwethu,
Ukungazisi obaba nomama kwethu,
Ukubulala, ukweba nokuphinga kwethu,
Ukufakaza kwethu amanga ngomakhelwane,
Ukufisa kwethu okukamakhelwane!

Siyizoni, savela ngesono kwabasivezayo;
Asingakujezeli ukona kwabasivezayo,
Somandla, Nkosi, sithethelele izono.

Siswele amazwi enele
Okokubonga ngokwanele
Ngakho konke esiyikho
Nangakho konke esinakho.

Asibongi ngokwanele;
Umphefumulo osiphe wona,
Ingqondo ephilayo osiphe yona,
Amehlo abonayo osiphe wona,
Izindlebe ezizwayo osiphe zona,
Umlomo okhulumayo osiphe wona.

Thina sikwenzelani ngakho konke,
Ngesiyikho nokuning' osiphe khona?
Ngamazwi umlomo asibonge,
Ngokusebenzisa kahle osiphe khona asibonge!

[Icashunwe:Izimbali zesizwe:69–70]

5.1 Nikeza izindlela EZIMBILI ezahlukene isikhawu esisetshenziswe ngazo emgqeni woku-1 nowesi-7 (2)

5.2 Chaza kafushane ngokuxhumana okutholakala ebinzeni lesi-2. (2)

5.3 Qhathanisa okufanayo ngokusetshenziswa kwethoni egqanyiswa amagama abhalwe ngokugqamile kule nkondlo. (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

## INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Kungcono ukulandela okushiwo yinhliziyo yakho kunokucabangisisa ngalokho ozokwenza.

Hlaziya ngokuhlolisisa lo mbono ngokubhekisa kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA A

Wacabanga eyokushada noMahlengi qede wazipakisha ngokushesha izimpahla ezimbalwa ayezozidinga kulolu hambo lwakhe. Wathi uma esenelisekile ngokuthi ukuthathe konke akudingayo, wahluthulela waphuma, wangena emotweni. Ngaphambi kokuba abambe indlela, waqalaza ngapheshaya efuna ukubona ukuthi akekho yini umngani wakhe uS'bu. Ngenhlanhla wayekhona ehleli phansi komthunzi phambi kwendlu, phambi kwakhe kunebhodlela le-Jameson nebhodlela le-Appletiser.
Waqonda kuyena, wasondela emonyozela.
'Yini ukuncintshana, wahlalela ibhodlela wedwa?'
'Kangincintshani, into kangifuni ukubangiswa entweni. Nasentombini mina ngifuna ukuba ngedwa. NoSindi bengimtshela lokho emini ukuthi mina …'
'Ngoba ungeke uwuqede nje umusho ungalifakanga igama lomuntu wesifazane?' kubuza uNdumiso ehleka enikina ikhanda.
'Kawungiyeke ngemibuzo eminingi, hlala phansi lapha siphuze nampu utshwala ngoba noThabani engilokhu ngimlindile akaqhamuki.'
'Hha, sekunguwe futhi manje osuphuza nabantu? Kangithi khona manje kade uthi kawufune kubangiswa?'
'Bengizincokolela nje mngani wami. Ngingaphuza ngedwa ngincintshe amanye amadoda? Phela yinina eniyongingcwaba, ngeke nginilahle. Kangithi noNqobile owayekhala ngokuthi ngibuye ngitibale ngabangani bami ngamtshela ukuthi …'

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

> 'Kawuzwe nje, kangikaligwinyi elokuthi uhlale ukhuluma ngabantu besifazane, usufaka oNqobile enkulumweni. Waba njani kodwa mngani wami?'
> 'Hlala phansi lapha, uvale umlomo,' esho emdonsa ngesandla emhlalisa phansi.
>
> [Isahluko sesi-5:76]

7.1 Yikuphi okudala ilukuluku okwenziwa ngumlingiswa onguNdumiso ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

7.2 Chaza ukuthi umlingiswa onguS'bu uvezwe kanjani ngokwalesi siqeshana. (3)

7.3 Nikeza okufanayo phakathi komlingiswa onguNdumiso nonguNontobeko mayelana nezothando ngokwale noveli. (3)

7.4 Chaza kafushane isisusa sodweshu oluphakathi kukaMhlengi noNontobeko. (2)

7.5 Ngokwakho ukucabanga isenzo sikaMhlengi sokuziguqula ubulili siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (3)

**ISIQESHANA B**

> Wadonsa umoya kakhulu uNgidi, waphinde wasigqolozela isithandwa sakhe.
> 'Ngiyazi ukuthi indaba kaMhlengi isuke yangisanganisa, ngagcina sengikhohlwe ngumuntu obaluleke kangaka empilweni yami.'
> 'Ongamedluli nokho uMhlengi.'
> 'Akamedluli. Kabedlulani. Ngibathanda bobabili. Ngiyithanda nobabili ...' esho emwola emnkonkoshela. Wathamba bandla noNomalanga, wanamathelisa ikhanda esifubeni sikaNgidi.
> 'Ungihluphelani kodwa s'thandwa?' ebuza ngezinyembezi.
> 'Ngiyaxolisa s'thandwa sami. Ngiyakuthanda. Yikho-ke nje ukuthi uMhlengi ngumntanami, ngiyafuna ukuthi ngimthole, sibuyisane naye,' egajwa ngumunyu manje, ehluleka ukubamba izinyembezi ezavele zagobhoza ngomzuzwana, zaqathakela ezihlathini zikaNomalanga.
>
> Wo, wadabuka manje uNomalanga, kwasika uma esesibona sidabukisa kanje isithandwa sakhe. Wasibamba ngesandla, wasidonsa wasihlalisa kusofa, naye, wahlala eceleni kwaso, waphinde wancikisa ikhanda esifubeni saso.
> 'Ihamba kanjani pho indaba kaMhlengi?' ebuza ngeligcwele uzwela.
> 'Kuyethembisa. Sesimtholile uMhlengi,' ephakamisa ikhanda egqolozela uNomalanga.
> 'Senimtholile? Ukuphi?'
> 'Ukhonjwa eThekwini. Yilokho empeleni okungilethe lapha.'
> 'Okukulethe lapha?'
> 'Yebo, ngicela ungikhaphe silande indodana yethu.'
> 'Indodana yethu?' ebuza engakholwa.
> 'Yebo, indodana yethu. Sizoqala impilo entsha sobathathu ndawonye. **Ngicela ungelekelele bandla. Ngiyakudinga sithandwa sami,**' esho embamba ngesandla, emsondeza kakhulu esifubeni.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

> Babambana-ke ngezandla, baluxoxa udaba lukaMhlengi, uNgidi egcizelela khona ukuthi kakuzukuluphazamisa ngalutho uthando lwabo.
> 'Kuzolunga s'thandwa sami.'
>
> [Isahluko sesi-10:128–129]

7.6 Chaza ithoni etholakala kulesi siqeshana. (3)

7.7 Nikeza amaphuzu AMABILI alokho okubangela isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguXolani. (2)

7.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekutheni uNomalanga aqonde isimo uNgidi ayekuso mayelana nodaba lukaMhlengi? Sekela impendulo yakho. (3)

7.9 Indlela uNgidi abuka ngayo izinto ngemuva kokuhlangana noNontobeko imveza njengomlingiswa onjani? (2)

7.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekudluliseni umyalezo ubhekise esigamekweni sokufa komlingiswa onguNyambose. (2)
**[25]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Kungcono ukulandela okushiwo yinhliziyo yakho kunokucabangisisa ngalokho ozokwenza.

Hlaziya ngokuhlolisisa lo mbono ngokubhekisa kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

## UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA C

Esewenzile umsebenzi wageza kahle, waxoxa nentokazi eyayiqashwe lapha ekhaya. Usizi lwamsondeza kuGezekile ayekade engamnakile neze. UGezekile wanambuza emduduza ethi, 'Bekezela nje mfowethu. Inkonyane isethuka isisinga esithandweni sakho. Ngokuhamba kwezinsuku ingqondo izoswabuluka, sibone ukuthi umuntu osithanda isibili wuwena owabona ukuthi siwumuntu singakabi namali lena namuhla esisenza sibe yimayini eshayelwa ijoyini ebangwayo.'

UGenyeza wathula wandwaza embuka, engabuki sitho sakhe esihle, nobuhle ayebubona. Wayephethwe ukudideka, ezwa engezwa. Besabonisana, waqhamuka umkaKhambule, wacela ukuba uGenyeza angene emotweni bathi shelele edolobheni bayothenga. Watatazela uGenyeza wangena balinganisana nomesisi owayeshaye izibuko zelanga, zaya. Nakhona emotweni lapha indaba umkaKhambule ayeyibhidilisha ngesifanakalo yiyo eyomcebo, ebuza ukuthi babezoshada nini noMirriam, nokuthi base benqume ukwenzani ngesizumbulu semali. UmkaCampbell wayimisa imoto enxanxatheleni yezitolo, wakhipha imali wathuma uGenyeza ukuba ayomthengela okuthile nokuthile ekuthizathizeni. Ngemuva komzukuzuku ezitolo uGenyeza ekubiza ngamagama angewona ayezokuthenga, wakuthola eselekelelwa kufuniselwa. Bedlulela ezitolo eziningi.

'Ginosi, nini yena funda hambisa moto?' umkaKhambule eqeda ukwesaba esisebenzini esasingakhululekile neze, simhlonipha.

'Ngingayifunda ngizoyenzani mesisi?'

'Nhlanhla fikile Ginosi. Ntombi tholile maningi mali.'

'O, hhe,' esho ngokuphelelwa yithemba, 'asazi kuyo enemali. Yiyona futhi okufanele iyofunda ukushayela ukuze nayo yenze njengoba wenza nje nawe. Awubheke nje ukuthi ushayela kahle kanjani mayidalingi?'

[Isahluko sesi-5:46]

9.1 Yikuphi okudala ilukuluku okwenziwa ngumlingiswa onguGenyeza ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

9.2 Chaza ukuthi uvezwe kanjani umlingiswa onguGezekile ngokwalesi siqeshana. (3)

9.3 Nikeza okufanayo phakathi komlingiswa ongumkaCampbell kanye nomlingiswa ongumkaDicey mayelana nendlela abaphatha ngayo abasebenzi babo ngokwale noveli. (3)

9.4 Chaza kafushane isisusa sodweshu oluphakathi kukanogada noGenyeza ngesikhathi ezothenga imoto. (2)

**ISIQESHANA D**

'Hhawu Mvundlana wami!' Wathi esasho njalo uMirriam yayiphuma iveni qede isuka izithonto kukhala amathayi ishona ezansi. Wayibuka, waphihlika wakhala. Kumnyama amehlo waphenduka waphindela endlini yakhe esesaba nokuwahlanganisa nawezibukeli ezase zibukela. Wayephelezelwa wumbhinqo nensini, kuwubunsinsinsi. Wangena endlini wahlala embhedeni wathi khovololo, wasidinda. Izigigaba ezase zimehlele selokhu abamba izizumbulu zezimali zazimphithanisa ikhanda. Ingxabano eyayisibheduke emndenini, nomuzi ungase uhlakazeke sekuphume nezidumbu, inxushunxushu eyase yenzeke kwaDicey, imibiko ngemibiko ngezithombe, ukuboshwa kukaGenyeza namhlanje, nokufulathela kwakhe eThusini ayesekulindele, konke kwahaza njengomfula ongomiyo, ongamiyo emphefumulweni. Kazi wayeyokhala siphi ukuba wayazi ukuthi eminye imizi yayehlukana, sekukhona nabase bekhala bemqalekisa nefa lakhe?
Sekuphele imizuzu engamashumi amathathu ihambile iveni noGenyeza, yeza isinyonyoba kancane ngoManning Road ibhasana eyikhumbi emhlophe eyayinamakhethini. Yema yaqondana nakwaDicey, wehla uChule waqonda ngqo endlini kaMirriam, wangqongqoza. Wazesula ngokushesha izinyembezi uMirriam, wayesethi akangene. Wangena nempela wahlala esitulweni, wambingelela ngokuthi, 'Akusekho kubingelelana Nzima omuhle. Sesiyindlela.'
Simphethe isibibithwane uMirriam wambuka ngayesebomvu eswakeme. **'Kwenzenjani manje Nzim' omuhle? Ngathi ngikuthokozele ngizokulanda ngakuthola uqhatha umunyu?'** Wasuka wahlala embhedeni eduze kwakhe, wakhipha iduku wamesula izinyembezi.
'Sekwenzenjani Themba lamathemba ami?'
'Hhi! Hhi! Hhi!' ziqathaka ethi uyazithiba. 'Akukho lutho olunye Chule olonakele. Yiyo nje le ndaba yomfowethu esangiphethe kabi.'

[Isahluko sesi-15:148–149]

9.5 Ngokwakho ukucabanga isenzo sikaMirriam sokuqhubeka asebenze nakuba esewine isizumbulu semali siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (3)

9.6 Chaza ithoni etholakala kulesi siqeshana. (2)

9.7 Nikeza amaphuzu AMABILI alokho okubangela isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguMaNdelu. (2)

9.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekutheni uMirriam aqhubeke ahambe noChule? Sekela impendulo yakho. (3)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

9.9 Indlela uChule abuka ngayo izinto ngemuva kokuhlangana noMirriam imveza njengomlingiswa onjani? (3)

9.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwedluliseni umyalezo ubhekise esigamekweni sokufa kwenja nekati kubulawa ushevu. (2)
**[25]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

***KUNJALO-KE*** **– ME Wanda**

Kungcono ukulandela okushiwo yinhliziyo yakho kunokucabangisisa ngalokho ozokwenza.

Hlaziya ngokuhlolisisa lo mbono ngokubhekisa kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

## UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUNJALO-KE*** **– ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA E

UKheswa waqhamuka ezinkalweni kungakahwalali evela ematshwaleni. Wahlangatshezwa nguBahlekile ngesikhulu isivinini lesi. Wathi efika nje wayebambelela kuyena, ezikhuhla ngaye, wayesethi:

'Umama benosisi sebefikile ekhaya.' Kwabonakala uyise ethuka kodwa wangaphendula. Wayenqena ukuphawula ngoba wayecabanga ukuthi ingane iyamkhohlisa. Bahamba ngokushesha, uBahlekile elokhu egxumagxuma ngaphambi kukayise sengathi udlala umdlalo umagalopha. UKheswa wayehamba ecabanga:

'Ngoba kungase kwenzeke ngempela nje madoda ukuthi uMaNdovela ukhona ekhaya? Ngizovele ngingabe ngisasho lutho. Ehhe, okwakobani nje ukuba yimpohlo?' Bahamba njalo oBahlekile noyise baze bafika ekhaya.

UKheswa wangena ekhishini, wadonsa isigqiki sakhe, wahlala phansi.
'Awu senibuyile MaNdovela?'
'Yebo!' esholo phansi.
'Khona bese ngizwile ngendodakazi ukuthi senifikile. Hhayi-ke siyabonga.' UKheswa wabe esecela umkakhe ukuba baye koxoxela endlini yabo yokulala. Lwamuthi heqe uvalo uMaNdovela, wacabanga:

'Mhlawumbe le ndoda seyifuna ukuyongiqoba amaphisisi nje, kwazi bani?' Wayengaqondi ukuthi umyeni wakhe wayekusho ngomoya okhululekile yini lokho. Nokho wama isibindi wamlandela baze bayongena endlini. Kwathi bangahlala phansi, uKheswa wathatha wathi:

'Nathi lapha MaNdovela, besihlangene izolo. Sibonisene siwuzalo ukuthi kufanele ngikulande eMbumbulu. Wukuthi nje kwasuke kweqa amazwi nkosikazi ngenxa yentukuthelo.'

[Isahluko sesi-3:57–58]

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

11.1 Yikuphi okudala ilukuluku okwenziwa nguKheswa ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

11.2 Chaza ngokuvezwa komlingiswa onguKheswa kulesi siqeshana. (3)

11.3 Nikeza okufanayo phakathi komlingiswa onguDumazile kanye nomlingiswa onguMisi Hlophe mayelana nezothando ngokwale noveli. (3)

11.4 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu oluphakathi kukaMaJwara noKheswa. (2)

**ISIQESHANA F**

Ukuboshwa kukaSithole ngemuva kokwaliwa kwakhe wuDumazile, kwanikeza uMtalaselwa ithuba lokuba angene ngonoqhakala emzini kaDumazile. UMtalaselwa wayesecabange waqeda ukuthi usefuna ukwakha umuzi. Babonisana-ke nesixebe sakhe ngokungena kulesi sigaba. Bagcina bevumelene ngokuthi yilowo nalowo makaye kubo ukuyobika lolu daba. Nempela kwaba njalo.

Ngenkathi uMtalaselwa efika ekhaya, abazali bakhe babezihlalele nje botha imbuthuma. Bajabula kabi ukubona indodana yabo. UMtalaselwa wabe eseyixoxa-ke indaba. 'Kunentombazane yakwaKheswa esengiyibonile engifuna ukwakha nayo umuzi; ingusista esibhedlela. Bengicabanga ukuthumela abakhongi mbayimbayi.' Athi ukuthula kancane esafuna ukubona ukuthi abazali bakhe bayizwa kanjani le ndaba. Bake bathi ukuthula nabo besacabanga. Kwabe sekuthatha unina wathi:

'Ngeyakuphi leyo ntombi?'
'NgeyaseMzimkhulu.'
'Uthi kodwa intombi yakoMzimkhulu iyokwazi ukuqwala le mimango engaka nenyanda yezinkuni ekhanda mntanami?'
Ahleke kancane uMtalaselwa bese ethi:
'Iyokwazi.' Unina bese ebheka ngakumyeni wakhe, athi:
**'Yise kaMtalaselwa, sekungawe baba. Kusho ukuthi izinkomo kufanele ziphume zonke esibayeni.'**
'Uthi akuyona intombi yenkosi nje leyo pho?'
'Usho ngani yise kaMtalaselwa?'
'Ngisho phela uma sesizophuma sonke isibaya. Kubiza kabi ukulobola intombi yenkosi. Awdlali amashumi amathi ezinkomo, esho emisa iminwe emibili.'

[Isahluko sesi-7:124–125]

11.5 Ngokwakho ukucabanga kungani sikholeka isenzo sikaKheswa sokuxosha uDumazile noMaNdovela emzini wakhe? (3)

11.6 Chaza ithoni etholakala kulesi siqeshana. (2)

11.7 Nikeza amaphuzu AMABILI alokho okubangela isixakaxaka empilweni yomlingiswa onguSithole. (2)

11.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekutheni uqonde okushiwo umama kaMtalaselwa? Sekela impendulo yakho. (3)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

11.9 Indlela uMtalaselwa abuka ngayo izinto ngemuva kokuhlangana noDumazile imveza njengomlingiswa onjani? (3)

11.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwedluliseni umyalezo ubhekise esigamekweni sokufa kukaMaNzimande. (2)
**[25]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Indlela ozikhethela yona yiyona ezokuphumelelisa noma ikushabalalise.

Fakazela lo mbono ubhekise ezindleleni ezahlukile ezikhethwe ngabalingiswa, uBafana, uHlanganisani, u-Uzithelile, u*Poppie*, uDokotela uMdlalose no-Euthenasia.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI* – JC Buthelezi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

Bawaphinda kabili la mavesi base bethandaza bemile, bembonga oPhezukonke ngokubuya kukababa wekhaya ohambeni lwaseThekwini.

Emkhulekweni awenzayo uCele, kwamkhanyela uMaKhumalo ukuthi uCele akahambanga kahle eThekwini. Kwamthokozisa nokho ukubona ukuthi umyeni wakhe wayengadangele ngesimo ayehlangabezane naso. Wakuphawula nokuthi into eyayimphethe kabi kwakungezona izingane zikaLinono, kodwa kwakuyizingane zikaBafana kanye nayo yonke impilo kaBafana nowakwakhe. Wawusondeza lo muzi wakwaNgubane emthandazweni uCele, ewucelela umusa wokuba lo muzi uzifumane, bese uyifumana nendlela yempilo, yokuphepha nokuphakamela izinto eziyingqikithi yempilo.

'Awu baba Ndosi, ninjani kodwa empilweni?' kubuza uMaKhumalo ehlezi phansi wathwishika ebuka owakwakhe ehleli esitulweni. Ukubuya kukaCele ezidavuzela ngezinyawo, engahambi ngemoto eyayizolungisela ukuhamba ko-Uzithelile beya eThekwini, kwasho ukuthi kube nezingqinamba ezithile kwaNgubane.

'Empilweni siyaphila Mntungwa. Siyabonga iNkosi ngomusa wayo. Yiyo nje indaba kaBafana no*Poppie* abasekudeni nokuphila,' kuphendula uCele enyathela amabhuzi, izithende zahlala phansi, izinzwane zabheka phezulu.

'Batheni oBafana no*Poppie* ngendaba ka-Uzithelile noHlanganisani?' kubuza uMaKhumalo ngalowo moya wakhe ophansi.

'Awu, Mntungwa wami. Angazi ukuthi ngingayiqala ngakuphi le ndaba. Mhlawumbe ngingayiqala kangcono emsileni. Mangithi oBafana no*Poppie* abekho esimeni sokuthatha lezi zingane zikaLinono. Nami ngizibonele ukuthi bona ngokwabo badinga usizo lokuthathwa bakhoseliswe kulolu laka abaluvubelayo.'

[Isahluko sesi-3:41]

13.1 Yikuphi okudala ilukuluku okwenziwa ngumlingiswa uCele ekuqaleni kwalesi siqeshana? (2)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

13.2 Chaza ukuthi uvezwe kanjani umlingiswa onguMaKhumalo ngokwalesi siqeshana. (3)

13.3 Nikeza okufanayo phakathi komlingiswa onguCele kanye nomlingiswa ongu-Uzithelile mayelana nokuba nesibindi nobuqhawe kule noveli. (3)

13.4 Chaza isisusa sodweshu esiphakathi kuka-Uzithelile noKhanjana. (2)

13.5 Ngokwakho ukucabanga isenzo sika-Uzithelile sokuyalela ukuba kuthathwe uZaneqiniso noZanele ukuyohlala eMpaphala siyakholeka yini? Sekela impendulo yakho. (3)

**ISIQESHANA H**

Akaphendulanga uBafana futhi akawasebenzisanga lama*suitcase*. Wazisonga zinjalo izingubo ngamashidi wehla nazo ephindelela wayongena emotweni. Wema kancane ekhishini, kwathi makathathe izinja zakhe, kodwa wabuye wazikhuza. Ingaphakathi lakhe lamtshela ukuthi usephuma okungunokuphela emzini wakhe. Kwathi esesekhishini wafikelwa yisithombe sikamalume wakhe uCele ngenkathi ephuma ekhaya labo laseMlazi. Kwake kwangathi okanina uthanda ukuthintitha izintuli ngenkathi ephuma emnyango. Naye uNgubane kwathi makathintithe izintuli ngenkathi ephuma emnyango. Engakayihleli kahle le nto eyayenzeka, wezwa owakwakhe owayemi emnyango ethi, 'Ngicela ikheli lokuthumela izincwadi nezingcingo zabantu abazi ukuthi uhlala lapha ekhaya.'
'Izincwadi kanye nezingcingo ngizocela ukuba nikudlulisele emsebenzini.' 'Angifuni ikheli lalapho mina. Ngifuna ikheli lalapho thina nabantwana singakwazi ukukufica khona ngaphandle kokuba sidlule ku*Magnovitch*.'
'Angikalazi okwamanje, futhi angazi noma ngolithumela yini uma sengilazi.' 'Kodwa yini Bafana? **Usungaphuma ushiye ikhaya lakho ngoba ngithengele abantwana imoto? Kanti sengibulale umuntu yini ngokwenza lokho?'**
'Yebo, usubulale lezi zingane zethu. Kubuhlungu kimi ukuzibona zifa phambi kwamehlo ami lezi zingane, kulapho nami kungekho into engingayenza ngoba zibulawa ngunina.'
'Ayikho into enjalo Bafana. Wena awuphunyiswa yile moto. Mhlawumbe yilokhu kuphumelela kwami ezifundweni nasemsebenzini. Kungathi kuyakweleka sithandwa sami. Phela abantu besilisa abafuni ukuhlulwa ngabantu besifazane.'

[Isahluko se-11:184]

13.6 Chaza ithoni etholakala kulesi siqeshana. (3)

13.7 Nikeza amaphuzu AMABILI alokho okubangela isixakaxaka empilweni kaVuk'zithathe. (2)

13.8 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile alekelele kanjani ekuboneni isizathu sokushiya ikhaya kukaBafana? Sekela impendulo yakho. (3)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

13.9 Indlela uMaMsibi abuka ngayo izinto ngemuva kokushayiswa kwemoto yakhe ngenkathi eyinike uNgubane ukuze ayigeze imveza njengomlingiswa onjani? (2)

13.10 Xoxa ngempumelelo yombhali ekwedluliseni umyalezo ubhekise esigamekweni sokuxoshwa kukaMaXakushe emzini kaBafana. (2)
**[25]**

**NOMA**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE* – KL Makhoba

Phendula umbuzo OWODWA.

## UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

Kufanele usebenzise amathuba owatholayo ngobuhlakani ukuze uphumelele.

Fakazela lo myalezo ubhekise kulobu buciko obulandelayo:

**Inganekwane:** Inkosi Yezinyoni
**Izibongo:** Isiqhingi SaseRobben Island
**Isiphicaphicwano:** Esiphathelene nemisebenzi

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.

## ISIQESHANA I

**ISIQHINGI SASE-ROBBEN ISLAND**

Kwelingafelwa nkonyane idlelo,
Idlelo lemihlambihlambi.
Eminye yahamba amasolokohlo,
Bahlal' inhlal' ehlasimulis' umzimba,
He! Kwehla ngamphimbo munye.
Izilomo zaphenduk' izaliwakazi,
Bevez' elomhlath' omaluma bephephetha,
Ababekhaphel' imihlambi kuwe.
Babengazi babawelise ngelibanzi,
Esiqhingini senside nobabe
Lapho zizofika zinamathele khona.
Phakathi kokubi okwenziwa abenzi
Omenziwa abakubambele gqubu wena.

Siqhingikazi esakhulis' imiqondo yamabutho,
Siqhingikazi esondla izingqalabutho.
Mbelekazi abawugwansisa ngenzondo.
Bashaye phansi kwashunqa osiyazi.
Wena wawudalelwe ubunsengwakazi
Ube ngunondlini wakwethu.
Namuhla uklezisa izizukulwane,
Namuhl' azipheli kuwe zivakash' int' engapheli,
Sengathi kusemakhabonina
Lapho bayofika bavutshelwe amasi.
Bengasekho ababeboshwe ngamaketang' obandlululo,
Bengasekho abayobanjwa ngamatomu engcindezelo,
Kungasekho bungasekho qha ubuqqila.
Kulesi siqhingi sekusezweni lesethembiso,
Umhlaba jikelele ungofakazi.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

Sinonjiniyela bezindizamshini,
Bathutha izinkumbi ngezinkumbi,
Zisuka emazweni ngamazwe omhlaba.
Namuhla sebekubona ubukhazikhazi,
Thina bomdabu sikwazi unuka phu.
Noma kunjalo asinamagqubu emfene,
Siyokuvakashela noma simathintanyawo.
Wen' awonanga yibo laba osibanibani
Abakuphendula itilongo lokungcwekisana,
Babengazi ukuthi ziyobanetha.
Wen' usuphenduk' isiqhingi sokunethezeka.
Usuyoyizekel' amagwabab' echobana.
Bengizothi cosu, cosu iyaphela,
Kepha awusiyo inganekwane
Siyakwazi siqhingi ndini.

[Ikhasi:132–133]

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

**ISIPHICAPHICWANO: ESIPHATHELENE NEMISEBENZI**

Ngikuphica ngengane esina phezu kukanina, unina azithulele nje. **[25]**

**NOMA**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

**INGANEKWANE: 'INKINGA YESELESELE'**

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

**ISIQESHANA K**

**Umxoxi:** Kwesukasukela ...
**Abalaleli:** Cosu!

Ezweni elithile lezilwane, amakhosi ayebhidlangile ezindaweni zawo efuna intela izinyanga zonke. Ehlathini, ibhubesi lalilthi ngilapha, lifuna intela ezilwaneni. Ekujuleni kwamanzi, inyoka enkulu inkanyamba yayithi ngilapha, ifuna intela yayo kuyo yonke into esemanzini.
Isele njengesilwane esihlala emhlabeni nasemanzini lazithola lisenkingeni kula makhosi amabili. Isele lalikhononda kabi ngoba lona kwakufanele liwakhokhele womabili lamakhosi. Lalingakujabuleli lokho. Lathi lisazigxumela kahle ngelinye ilanga lehlwaya izimpukane, lahlangana nendlovu, induna yenkosi uBhubesi.
'Ungabe usuyikhokhile yini intela ugxumagxuma emhlabeni weBhubesi nje?' Kubuza indlovu. Isele lethuka lahlahla amehlo laze lawaqhunsula ngaphandle. 'Khuluma ngingaze ngikugxobe ngonyawokazi lwami,' yamemeza ngolaka indlovu.
Lathuthumela isele laphendula, 'Wena wakomkhulu, isikhwama semali ngisilibale emanzini.' Lathula, lagwinya amathe labuya laqhubeka lathi, 'Okunye ukuthi besengiyikhokhile intela yenkosi yami uNkanyamba, inyoka yamanzi. Imali ngiyinike ingwenya, induna yenkosi yamanzi.'
Yathi ukuzwa lokhu indlovu yacobeka amandla yajokola yahamba. Ntambama isele lalizintwezela kamnandi emanzini apholile. Lalintweza lize lilale nangomhlane. Amanzi ayelokhu ethi ntwe uma lishwiza leneme. Lathi lingazelele lethuka selizithela engwenyeni.
'Wahamba uzihloma yonke indawo, usuyikhokhile yini intela yenkosi?' Kusho ingwenya inengiwe. Lethuka isele lacishe lakhwincwa ngamanzi. 'Wena wakomkhulu, ngabe ngikunika manje intela leyo ...'

[Ikhasi:60–61]

15.1 Chaza inkinga yesele ngokwalesi siqeshana. (2)

15.2 Nikeza okufanayo phakathi komsebenzi wengwenya nalowo wendlovu kule nganekwane. (2)

15.3 Chaza ukuthi isisho esithi, 'zayima emthumeni' siyahambelana yini nomyalezo wale nganekwane. Sekela impendulo yakho. (3)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## IZINGANEKWANE: 'UNWABU NENTULO'

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA L

Lwadla ngokuphanga unwabu seludla sengathi alusahlafuni. Luyaphonsa nje izinhlamvu emlonyeni. Selusuthi kodwa lusaqhubeka nokudla, ngenxa yokudlela emoneni. Ukudla kakhulu kuhambisana nokukhathala, kwaba njalo-ke nakunwabu. Unwabu lwacambalala emthunzini lubohlisa isisu. Kwakuxakekiwe emuva ekhaya ukuthi kanti kwenzenjani lungasabuyi unwabu. Kufanele ukuthi ngabe kade lubuyile kodwa alubonwa. Sekukhathazeke ngisho noMdali ngokuhamba konwabu lungabuyi, phela kunokwenzeka ukuthi luvelelwe yingozi endleleni. 'Zinduna zami, hambani futhi niyongifunela isilwane esiphume isibili ngesikhathi zihlungwa.'
Zaphuma izinduna zabuya nentulo ngokushesha. 'Gijima kakhulu uyotshela abantu ukuthi ngithi sebezokufa kusuka namuhla. Sengifuna ukuba nesibalo esilingene sabantu emhlabeni. Ungahambi-ke kancane njengoba kwenze unwabu,' uMdali ekhuluma njengomzali. Yaphuma endlini seyiqhasha njengenhlansi intulo. Yaluleka intulo, yanwebeka intulo. Yafingqana intulo yafinyela yaze yangangenhlamvu yesibhamu. Yathi seyinqamula emafusini, yazithela kumthakathi wezindaba ongunwabu ephulula umkhaba ngaphansi kwesihlahla sobukhwebezane. Usadla phela unkabi, kuphela nje usekhetha izinhlamvu ezinkulu futhi ezivuthiwe kakhulu kunezinye. Ngisho ukuthi ime intulo ibuze unwabu ukuthi kuhamba kanjani, yashaya yachitha. Kwathi noma sekufika ukuhalela ubukhwebezane kodwa yaqinisela yadlula sengathi ayibubonanga. Yaqhubeka nohambo njengoba ithunyiwe nguMdali.
Yafika ngokushesha emhlabeni intulo. 'Kuthiwe abantu abafe, kusuka namuhla. Ngithunywe nguMdali!' yakhuluma yanqamulela intulo, ngoba yayisifile ukukhathala.

[Ikhasi:81]

15.4 Hlobo luni lwenganekwane lolu? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

15.5 Chaza kafushane mayelana nokuqanjwa kwesimo sokukhuluma esithi, sibambe elentulo. (2)

15.6 Qhathanisa inganekwane ethi, 'Inkinga Yeselesele' kanye nale ethi, 'Unwabu Nentulo'. (3)

15.7 Xoxa ngokuphumelela kwekhono lomxoxi ekusebenziseni isizinda ngokwendawo kule nganekwane. (2)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

Fundisisa lezi zibongo kanye neminye imibhalo yobuciko bomlomo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

**IZIBONGO**

**ISIQESHANA M**

**USUKU LWAMAGUGU**

1 Ngivumele ngisine ngosiko lwakithi,
2 Ngivumele ngigiye ngokugiya engikwaziyo,
3 Ngivumele ngihlobe ngengizigqaja ngakho,
4 Ngizibonakalise ukuthi mina ngingubani.
5 Noma sengaveteza nje
6 Kodwa akubona ubunjalo bami,
7 Ngubani owakutshela okungesikho ngami?
8 Engehlise izinga ngamamodeli?
9 Ngibe ngizazi kahle
10 Ngingadinge kubalelwa amamodeli.

11 Mhlanganisi owehlukanise abantu
12 Baveza ubunjalo babo.
13 UmZulu waba ngumZulu ngemvunulo,
14 INdiya kwaba yiNdiya ngemisubelo,
15 IBhunu kwaba yiBhunu ngokhakhi balo,
16 UmXhosa waba ngumXhosa ngobuhlalu,
17 Isizwe saba sinye ngokwehlukana.
18 Nkosi vikela i-Afrika eseNingizimu.

19 Mkhululi okhulule asebekhululekile,
20 Mhlanganisi ohlanganise izinhlanga,
21 Mandulo ngokwandulela izinyanga,
22 Lukufanel' olwamagugu ayizolo nakuthangi,
23 Lukufanel' olokuhlonza amagugu,
24 Sihlangene ngamagugu ahlukene,
25 Sibe munye ebuningini bethu.

[Ikhasi:138–139]

15.8 Gagula bese utomula ukuxhumana okutholakala ebinzeni loku-1. (2)

15.9 Chaza umoya oqukethwe yilezi zibongo emgqeni we-19 kuya kowama-21. (2)

**KANYE**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ISIQESHANA N**

| **IZITHAKAZELO: CELE** | |
|---|---|
| 1 | Ndosi! |
| 2 | Khumbuza! |
| 3 | Dubandlela! |
| 4 | Nkom' isengw' ilele, |
| 5 | Vic' ongagezanga, |
| 6 | Wen' obuye nensil' eThethe! |
| 7 | Sidlek' esihle |
| 8 | Esizalel' amazinyan' amasakabuli! |
| | [Ikhasi:145] |

15.10 Izithakazelo zingumlando wokuzalana kanye nezehlo ezehlela lowo mndeni. Fakazela lesi sitatimende ngokuhumusha izithakazelo ezingenhla. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA O**

| **IHUBO: SEBESIPHATHELE IMIKHONTO** | |
|---|---|
| IGOSA: | Bas' phathel' imikhonto malume yehheni! |
| ABAVUMAYO: | Sebes' phathel' imikhonto! |
| IGOSA: | Sebes' phathel' imikhonto malume we! |
| ABAVUMAYO: | **Sobashaya!** |
| IGOSA: | **Ngezakho malume.** |
| ABAVUMAYO: | Sebes' phathel' imikhonto. |
| | [Ikhasi:160] |

15.11 Ucabanga ukuthi leli hubo elingenhla linabudlelwane buni nomugqa we-13 kuya kowe-17 etholakala ezibongweni ezingenhla? (2)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Ukwenza izinto ngokubambisana nangobuqotho kuholela empumelelweni kanti ukwehlukana kudala ingxabano nokungabi nenqubekela phambili.

Fakazela lo mbono ngokwenzeka emdlalweni.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

### UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA P

| | |
|---|---|
| MAMLANDULI: | *(uyamoyizela)* Nakho-ke ukudla baba, usungasijoyina-ke nathi esesiphakathi nesidlo. |
| MDALULI: | *(ngezwi elingenamusa)* Angikufuni! |
| MAMLANDULI: | *(umangele)* Hhayi-ke, kusha-ke lokhu engikuzwayo ngiyakweshwama mina. Kanti sekukhulunywa kanjalo manje? Uma kuya ngoba wesuthi yise kaLondiwe, ubungebe usakhohlisa nje okungenani, ugwaze kabili kathathu bese uyabonga? Yini ukwenza kwakho kungisolise baba? |
| MDALULI: | *(ngokufutheka)* Kanti uzwa kanjani wena mfazi? Lisho ukuthini kanti leli gama elithi angifuni? Ngiziphoqe-ke manje ngidle yize noma isimo singangivumeli? Wangifundekela kangaka nje wena? |
| MAMLANDULI: | *(usenyukubele ebusweni)* Size singakuvumeli nje isimo ngoba kwenzenjani? Ngabe uqonde ukungitshela ngezindlela eziphansi yini ukuthi okwami ukudla sekuyakucika kukwenyanyise ngoba sekukhona okwalabo abakuphekelayo ekuhambeni okuyisilovela esinomsoco nesehla ngamphimbomunye? |
| MDALULI: | *(ngezwi elingancengi)* Ungasho okuthandayo mfazi kodwa sengisho ngishilo ngathi angikufuni ukudla. Okwedlula lapho angiboni ukuthi usungangifunza ngenkani ngoba nakhu ufuna ngenze lokhu okuthandwa nguwena kodwa kube kuphambene nentando yami? *(uyazamula)* |
| MAMLANDULI: | Owami umbuzo uthi yini indaba ungakufuni okwami ukudla ngoba kade kusile nje futhi ubukeka ulambile unjalo nje? Olunye lwezimpawu zokulamba ukuzamula lokhu. |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | |
|---|---|
| MDALULI: | *(ngezwi elinesankahlu)* Impendulo emfishane yokuhlangabeza lo mbuzo wakho izothi inhliziyo imnyama ... |
| MAMLANDULI: | *(uhwaqile)* Ize ibe mnyama nje ngasizathu sini? Yini sengathi kukhona iqiniso olaziyo nje wena ongigodlela lona? |

[Inkundla yesi-3, Isigcawu sesi-3:52–53]

17.1 Nikeza umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana nesizathu salokho. Bhekisa impendulo yakho kuMaMlanduli. (2)

17.2 Chaza ngodweshu olwaluphakathi komlingiswa onguMdaluli noMaMlanduli. (2)

17.3 Nikeza amaphuzu AMATHATHU ezaba ezenziwa nguLondiwe ukulekelela uMaMlanduli ukuze kunqanyulwe ukushaywa kwakhe nguMdaluli. (3)

17.4 Yamanisa isigameko somsebenzi wakwaSaziwayo nesokushaywa komlingiswa onguChivenga eMphekandlubu. (3)

**ISIQESHANA Q**

*(Emini eselini yasezitokisini esiteshini samaphoyisa eSundumbili, kuzwakala ukuvuleka nokuvaleka kwezihengqo zesicabha)*

| | |
|---|---|
| ZAYEKA: | *(ngezwi eliphakeme)* Ehhe! Ufunwa yisivakashi sakho esizokubona engisishiye laphaya emhubheni okubonanelwa kuwo. Shesha-ke Memela ngilandele. *(Ngokushesha babe sebesemhubheni lowo wokubonana nezivakashi. Kuqhilike izihlathi kuMdaluli uma esebona lesi sivakashi sakhe)* |
| ZAYEKA: | *(athinte isikhwehlela kancane bese ethi)* Ngininika imizuzu engamashumi amathathu nje kuphela nisaqhuba ingxoxo yenu. Angidluli futhi lapho. |
| MDALULI: | *(uyamamatheka)* Ngibonga kakhulu mkami ngaleli thuba osungihlelele lona wadela yonke imisebenzi obuyenza wabona kufanelekile uzongibheka ukuze uzongikhulula kulokhu kucindezeleka komqondo enginakho okubangelwa wukuvalelwa kule ndlu emnyama engigqunywe kuyo. Sekuyangicacela-ke manje ukuthi unothando lweqiniso wena hhayi olokuzenzisa ngoba nakhu phela usalokhu ungikhathalele yize ngikule ndawo ebucayi kangaka. Sekuyangikhanyela bha futhi manje ukuthi lezi zinkomo engakulobola ngazo azehlanga ngohologo kepha zalobola umuntu wesifazane ofanele ngempela noyithatha njengento ebaluleke kakhulu impilo yomyeni wakhe. |
| MAMLANDULI: | Ingani phela ngiqonde ukukukhombisa baba wabantabami ukuthi anginanxa neze nawe mina, nginjalo nje futhi kangikubambele magqubu ngokwenzekile izolo. Ngithanda wazi futhi ukuthi akusimina okubizele amaphoyisa, naphezu kwakho konke lokho angikujabuleli neze ukulethwa kwakho lapha. |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | |
|---|---|
| MDALULI: | *(uyamamatheka)* Ngiyabonga mkami ukuzwa amazwi amnandi kanjalo ephuma ezindebeni zomlomo wakho. Ngizizwa **nginelikhulu iqholo leli ngawe mkami njengoba usangikhombisa nje ukuthi awungilahlile neze wena.** |

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu soku-1: 71–72]

17.5 Isenzo sikaMdaluli sokumamatheka uma ebona uMaMlanduli simveza njengomlingiswa onjani uMdaluli kulesi siqeshana? (2)

17.6 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguMaMlanduli kulesi siqeshana? (3)

17.7 Chaza isizathu sombhali sokusethulela inkulumo kayedwana esingenisweni salo mdlalo. (2)

17.8 Qhathanisa indlela umlingiswa onguZayeka nomlingiswa onguHeshane abaziphatha ngayo emisebenzini yabo njengabasebenzi bakaHulumeni. (3)

17.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguChivenga sokuthatha umsebenzi owawuzokwenziwa nguMdaluli samukelekile yini? Sekela impendulo yakho. (2)

17.10 Phawula ukuthi amazwi okunxenxa abhalwe ngokugqamile asetshenziswe nguMdaluli kulesi siqeshana abekeke kanjani. (3)
**[25]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Ukwenza izinto ngokubambisana nangobuqotho kuholela empumelelweni kanti ukwehlukana kudala ingxabano nokungabi nenqubekela phambili.

Fakazela lo mbono ngokwenzeka emdlalweni.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

## UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

### ISIQESHANA R

| | |
|---|---|
| MBONGOLO: | Ini? *(Ebabaza)* |
| GUNDANE: | Bebahlasela bekuphi laba bakithi? |
| SALIMANI: | Enkundleni khona kwaMcondo. |
| NODWENGU: | Yimihlola! UMgqabula lona uyahlola. |
| SALIMANI: | Ake uyilande mfowethu Mcondo. |
| MCONDO: | Bafowethu, kunjengoba esho nje umfowethu. Ngokubikelwa kwami njengoba iningi lamabutho esuke embizweni yakomkhulu anikela kwaVimbingwenya nje, athe ezisinela ehuba namahubo engazelele lutho kwamane kwathi nje memfu abantu bakaMgqabula noMvomvozi noMehlwemamba babewathelekela njalo. |
| MCANJANA: | Mameshane! |
| SIKHOVA: | Kube bazithintile izinyosi zikaManyosi Nomanjebese kababa! Zibagemeze zabagemeza ngezizenze zibabhonya nangemishiza. Nomehlo lowo oyilamulile nokuba kungaphumi izidumbu. |
| MBONGOLO: | UMgqabula lona unamagangangozi isibili. |
| MCONDO: | Ngiphumile nami ngithi ngiyokhuza ngafika konke sekuthule. Ekuthatheni kokusa ngivuswe ngamantombazane angitshela ukuthi nampa onongqayi bashaqa abantu beNkosi. Ngitotobele ngakhona nebala ngafika belayishwa uthuli ezimotweni zonongqayi. Ngizamile ukubakhuza onongqayi laba ngithi abayeke ukubopha abantu benkosi babavalele iNkosi ingazi. Bangehlule bahamba nabo. |
| SALIMANI: | Bafowethu nginibizele ukuba ningibonise-ke ngokumele kwenziwe ngala magangangozi kaHulumeni. |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | |
|---|---|
| MCANJANA: | Nami bafowethu ningibona ngilapha nje ngisuswe yiso lesi sidumo eMshwathi. Ngithe ngokuzwa kuthiwa nampa abantu bakaBaba sebeyiziboshwa, kukhona noNomehlo kubo, ngaphangisa ngabuyela ekhaya ngenhloso yokulumana indlebe neNkosi. |
| BHESWA: | Ngwazi! *(Ekhuleka phandle.)* |
| SALIMANI: | Kwangathi uBheswa nje futhi lowo? Usezobika bani-ke manje? Ucolile mfowethu. Ucole impela ngokuphangisa sizofakana imilomo. |
| BHESWA: | Ngwazi! Hlobolophatha! *(Engama isithumbanja ephonsweka phakathi. Uyahefuzela. Azithi dalakaca laphaya emseleni eduze komnyango aguqise okomfazi.)* |

[Inkundla yesi-3, Isigcawu sesi-3:89–90]

19.1 Nikeza umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguMbongolo. (2)

19.2 Chaza ngodweshu olwaluphakathi kwabantu bakwaMgqabula namabutho enkosi uSalimani. (2)

19.3 Nikeza amaphuzu AMATHATHU ezaba ezenziwa nguMcondo ukunqanda onongqayi ukuba bangabophi amabutho. (3)

19.4 Yamanisa isigameko sokuthi uNomehlo aboshwe nobuxoki bukaMphiliphili. (3)

**ISIQESHANA S**

*(Kusenkantolo eMshwathi. Kungena USalimani. Uphahlwe oMbongolo noNodwengu. Bona balandelwa oMcondo, noGundane, noMcanjana. Bona balandelwa uSikhova ohola uPhehlitshe neZinyathi neMbambhe. UMakhwelantaba uvive phandle. Onongqayi bayaphithiza. Bayaphuma bayangena. Bayaphambana.)*

| | |
|---|---|
| SALIMANI: | *(ungena nabafowabo uqonda ebhentshini eliphambili.)* |
| AMABUTHO: | *(ahlale kwamanye amabhentshi. UPhehlitshe uma ngezinyawo aqaqele ngezindonga. Kuthule kuthe cwaka.)* |
| ONONGQAYI: | *(Kungena iviyo labo lengama iminyango yonke abanye baqaqela phezulu lapho kuhlala khona imantshi uma ithetha amacala.)* |
| NONGEJENI: | *(ungena uqonda kuSalimani. Uyakhuleka. Uyakhothama.)* Imantshi ithi angikucele uwakhiphele phandle amabutho akho. *(Ukhulumela phansi.)* |
| SALIMANI: | *(enikina ikhanda.)* Ngeke ngiwakhiphe. Aphelezela mina. Onongqayi bakhe abathe uthe abongingenisa lapha nengihamba nabo. |
| NONGEJENI: | *(ethithiza uyaphakama uyophuma. Ukhuluma noNongqayi ukhulumela phansi. Uyaphuma.)* |
| SALIMANI: | *(uhlanganisa amakhanda kuqala noMbongolo, kamuva noMcondo. Bakhulumela phansi.)* |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | |
|---|---|
| ZITHULELE: | *(ungena uholwa onongqayi abangosayitsheni ababili ulandelwa uNongejeni.)* |
| UNONGQAYI: | Sukumani! |
| ZITHULELE: | *(uqonda esihlalweni sakhe. Osayitsheni bema ngapha nangapha kukaZithulele. Ngenhlana kwamabhokisi elofakazi nelombekwacala.)* |
| NONGEJENI: | *(uyahlala esihlalweini sofakazi.)* |
| ZITHULELE: | *(uyasukuma esihlalweni wehlela lapho kuhleli ngakhona uSalimani. Ubambelela epulangweni ngezandla zombili uqhweba uSalimani.)* |
| SALIMANI: | *(uyasukuma uqonda kuZithulele.)* |
| ZITHULELE: | *(ekhulumela phansi.)* Khipha amabutho akho aphumele phandle. *(Ukhomba phandle.)* |
| SALIMANI: | *(enikina ikhanda.)* Ngeke ngikwenze lokho. |
| ZITHULELE: | Uma ungakwenzi ngizojuba amaphoyisa ami abakhiphe ngenkani. Uma kungenjalo ngizobabopha. |
| SALIMANI: | Uma ufuna **kufe gula linamasi** ungakwenza lokho. |

[Inkundla yesi-3, Isigcawu sesi-3:96–97]

19.5 Isenzo sikaNongejeni sokuthi ayocela ukuba aphume amabutho aye ngaphandle simveza njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana? (2)

19.6 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguSalimani kulesi siqeshana? (3)

19.7 Chaza isizathu sombhali sokusethulela inkulumo kaZithulele esingenisweni salo mdlalo. (2)

19.8 Qhathanisa ukuqulwa kwecala phakathi kwejaji likaHulumeni nelaseMgungundlovu elalidluliswe yinkosi uSalimani. (3)

19.9 Ngabe isenzo senkosi uSalimani sokuqhamuka nombono wokuthi kuvotwe kusetshenziswa ubhontshisi omhlophe nobhontshisi omnyama samukelekile yini? Sekela impendulo. (2)

19.10 Phawula ngamazwi anezinsongo abhalwe ngokugqamile asetshenziswe yinkosi uSalimani kulesi siqeshana. (3)

**[25]**

SA EXAM PAPERS

Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Ukwenza izinto ngokubambisana nangobuqotho kuholela empumelelweni kanti ukwehlukana kudala ingxabano nokungabi nenqubekela phambili.

Fakazela lo mbono ngokwenzeka emdlalweni.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. **[25]**

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***UBHUKU LWAMANQE* – EJ Mhlanga**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA T**

| | |
|---|---|
| THAMSANQA: | *(Ebuka uNkululeko ngeso lengulube. Athule nje okungathi kukhona akucabangayo. Aphendule.)* Uzosichithela isikhathi ngokulokhu uzisho kasinandaba nokuhlobana kwenu. Okubalulekile khulumani enize ngakho izinyawo zigcwale udaka. |
| NKULULEKO: | Lo muntu akasitshele ukuthi uphi uPhindisiwe? *(Emkhomba ngomunwe)* |
| MATHONSI: | *(Ebona ingathi umoya usuthanda ukuphakama kubafana bobabili.)* Cha, bakwethu singelokhu sichitha isikhathi ngemibuzo kwathina esingenayo impendulo yayo. Asiqhubeke ngalokho esihlangene ngakho njengoba umfana ngike ngamethulela ngalokho enihamba ngakho. |
| NKULULEKO: | Ukusinisa amahleza phela lokhu. Liyovela kanjani iqiniso pho lo mkhuhlane womfazi ungekho? Akalona idlozi bekufanele abuye azoziphendulela. |
| THAMSANQA: | *(Asukume eme ngezinyawo.)* We ndoda ungachwensi. Ngokabani lo mfazi ombiza ngomkhuhlane? Kuyangihlekisa ukusho kwakho ngoba uzokhonkotha lapha nje ufuna wona lo mkhuhlane. |
| NKULULEKO: | *(Asukume ame ngezinyawo naye.)* Ngizokhonkotha? Ngondliwa yiphalishi lakwenu yini mina? |
| THAMSANQA: | *(Esemi njalo ngezinyawo.)* Pho ufuna ukwenzani ngalokho? |
| MATHONSI: | *(Ngokufutheka.)* Singeke sithi sibadala kangaka bafana sizomelwa yinina ngezinyawo. Ngokabani lo muzi? |
| THAMSANQA: | *(Emhlala emadevini, ekhomba uNkululeko.)* Akuyena lo muntu ozokwedelela lapha? Wena ucabanga ukuthi uzobuka izilwane esiqiwini sezinyamazane. Emini ungidelelile ocingweni manje usufuna ukuzogcwaneka phambi kukababa? Ubungazi ukuthi izintaba kazihlangani kepha abantu bayahlangana? |

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

MAMHLONGO: *(Ngokufutheka.)* Thamsanqa angithi uyamuzwa uyihlo ekukhuza? Hlala phansi.

SIKELA: *(Ebuyela phansi.)* Le ndaba isiyonakala manje. Thina sesiphenduke izithutha nje.

[Inkundla yesi-3, Isigcawu sesi-3:62–63]

21.1 Nikeza umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Bhekisa impendulo yakho kuThamsanqa. (2)

21.2 Chaza ngodweshu olwaluphakathi kukaNkululeko noThamsanqa. (2)

21.3 Nikeza amaphuzu AMATHATHU ezaba ezenziwa nguNkululeko ukuze azuze imali kuPhindisiwe. (3)

21.4 Chaza isinqumo sikaPhindisiwe sokuba uThamsanqa kube nguyena ozombhekela izingane zakhe kunokuba abhekelwe ngunina uMakhangela. (3)

**ISIQESHANA U**

*(KukwaMakhunga elawunji. UPhindisiwe ulokhu egqolozele phansi izinyembezi zingumfula ebusweni bakhe.)*

PHINDISIWE: *(Ekhuluma yedwa.)* Kangazi ukuthi uThamsanqa uzwile yini ebengikusweswezа endlebeni yakhe? *(kulowo mnyama kuqhamuke uNkululeko ekamelweni.)*

NKULULEKO: Usahlakaniphile kanti namanje? Wenze kahle wamxosha lo mlisa ngoba besengicasuke kabi kuthi ngiphume nesibhamu ngimhlakaze ubuchopho ngenhlamvu, ngabuye ngazikhuza.

PHINDISIWE: Nkululeko inhliziyo yami ibuhlungu kabi ngale nto ongenza yona. Kangilwazi uthando olunje. Ufuna ngihlupheke kuze kubenini?

NKULULEKO: Kulula nje Phindisiwe. Mina nawe sathembisana ukuthi siyonakekelana. Ngalokho-ke kufanele nawe ufeze isithembiso owasenza. Wangiqoma wazi ukuthi ngingumuntu onjani.

PHINDISIWE: Ngiyakwazi engakwethembisa Nkululeko. Khumbula nawe wangithola ngisenkingeni ngiqeda ukushonelwa yingane kanti noThamsanqa engekho ekhaya izinyangana eziningana impela. Wangithola ngingenamali wangisiza kepha esebuyile uThamsanqa savumelana ukuthi sengizobhekana nezindaba zomshado wami akekho ozokonela omunye. Kangikwazi-ke osekwenzeka manje. Okubuhlungu kakhulu usubhidlize lonke ikusasa lami.

NKULULEKO: Nami elami walibhidliza Phindisiwe. Ukwazi kahle kamhlophe lokho. Ngisize nje ungaloko ungibalisela. Kusasa ekuseni siyavuka siqonda ebhangi. Ngiyifuna yonke imali elaphaya, uma uhluleka ukwenza lokho kufa umuntu manje.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

| | | |
|---|---|---|
| MAKHANGELA: | Ndodana yini ulunya olungaka pho? | 25 |
| NKULULEKO: | **Ngithi angikuncome salukazana sami uyidlalile indima yakho. Bengingazi ukuthi uhlakaniphe ngale ndlela?** Nokuba ubuke wabheda inhlamvu ibiyokhala enhloko. *(Esho emkhomba ngontuluntulu wesibhamu.)* | |
| | [Inkundla yesi-4, Isigcawu soku-1:79–80] | |

21.5 Isenzo sikaMakhangela sokusola uNkululeko uma ekhuluma kabi noPhindisiwe simveza njengomlingiswa onjani kulesi siqeshana? (2)

21.6 Yini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguPhindisiwe kulesi siqeshana? (3)

21.7 Chaza isizathu sombhali sokwethula inkulumo kaNkululeko esingenisweni salo mdlalo. Sekela impendulo yakho. (2)

21.8 Qhathanisa indlela abaziphatha ngayo uMaqoma noSarah kulo mdlalo. (3)

21.9 Ngabe isenzo sikaMakhangela sokuthatha amalobolo kaPhindisiwe aphelele samukelekile yini kuwena? Sekela impendulo yakho. (2)

21.10 Phawula ngamazwi anokubhuqa abhalwe ngokugqamile asetshenziswe nguNkululeko kulesi siqeshana. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha